Meltwater
Outside Insight

Publication: Isolezwe
Title: Batheleke beziphihlile
Publish date: 28 February 2019

Reach: 78220
AVE: R 56396.64
Author: Unspecified

# Batheleke beziphihlile

BEBEGQOKE izingubo ezinemibala egqamile izolo eMgungundlovu beyothamela inkulumo kaNdunankulu abantu baKwaZulu-Natal nabaholi bepolitiki abehlukene

Izithombe: NQOBILE MBONAMBI




UNDLUNKULU weSilo uZola Mafu uthathwe neMeya yeTheku uNkk Zandile Gumede ebiphethe isitayela ngengubo yayo ewu-lace wombala osabubende




UNGQONGQOSHE wezeMfundo uMnuz Mthandeni Dlungwane uthathwe noNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya uMnuz Themba Mthembu bezothamela inkulumo kaNdunankulu waKwaZulu-Natal



UBEMUHLE nomhelane wakhe uNkk Nomusa Dube-Ncube onguNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana nezoMdabu. Uthathwe noNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha neMvelo uMnuz Sihle Zikalala noNdunankulu uMnuz Willies Mchunu



UNGQONGQOSHE wezeziMali uNkk Belinda Scott ubedle ezimnyama ngesikhathi ezothamela inkulumo kaNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnuz Willies Mchunu, lapha ubenoNgqongqoshe wezokuHlaliswa kwaBantu uMnuz Ravi Pillay noNgqongqoshe wezeMpilo uDkt Sibongiseni Dhlomo




ONDLUNKULU beSilo nabo bebezothamela inkulumo kaNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnuz Willies Mchunu



KUFIKE nowayengumengameli wezwe uMnuz Jacob Zuma ezothamela inkulumo kaNdunankulu waKwaZulu-Natal, uthathwe neSilo uGoodwill Zwelithini kaBhekuzulu noMnuz Sihle Zikalala



USOMLOMO wesiShayamthetho saKwaZulu-Natal uNkk Lydia Johnson, iPhini lakhe uMnuz Meshack Radebe, uNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnuz Willies Mchunu noNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha neMvelo uMnuz Sihle Zikalala begqoke kahle ngesikhathi bezothamela inkulumo kaMchunu yokuvula isiShayamthetho



ABEZIPHIHLE ngamasudi awo amahle amalungu esiShayamthetho oMfundisi Vusi Dube omele i-ANC noMnuz Zwakele Mncwango ongumholi weDA KwaZulu-Natal



UBONAKALA ngengubo yakhe enombala ophuzi uNkk Weziwe Thusi onguNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi ukuthi uyasazi isitayela, ubefake neduku elimeshayo. Uthathwe exoxa noDkt Sibongiseni Dhlomo



KUSUKELA kwesokunxele nguMnuz Sihle Zikalala onguNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha neMvelo, uNdunankulu waKwaZulu-Natal, Mnuz Willies Mchunu bencokola neSilo uGoodwill Zwelithini kaBhekuzulu ngemuva kwenkulumo yesifundazwe


www.meltwater.com/za | Cape Town: +27 21 838 5100 | Johannesburg: +27 11 028 2172 | Copyright © Meltwater News (Pty) Ltd.